**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANSA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULA UMGWAQO U-P73 EMZUMBE MHLAKA 26 OCTOBER 2010**

Mphathi wohlelo;
Inkosi yaseMathulini;
Amakhosi wonke akhona;
Amalungu eSishayamthetho;
Imeya yoMkhandlu;
Amakhansela;
Izinduna;
Izisebenzi zomnyango ziholwa iNhloko yoMnyango uHlabisa;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Abezindaba;
Abalaleli bemisakazo yomphakathi esifundazweni abalalele bukhoma njengamanje;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi namhlanje sithole ithuba lokuhlangana nani ningumphakathi waseMzumbe emcimbini walolu hlobo. Ukuza kwethu lapha namhlanje kuyingxenye yochungechunge lwemicimbi esiyenzayo kusukela kuqale le nyanga ka-October njengoba sazi ukuthi minyaka yonke le nyanga inikezelwa ezokuthutha.

Ngenkathi siwethula lo mkhankaso ekuqaleni kwenyanga sasho ukuthi sizogxila ezintweni ezimbili okuyingqalasizinda nezokuphepha emgwaqeni. Ziningi-ke izindawo esesizihambele sinikezela ngokusemthethweni imigwaqo emiphakathini yalesi fundazwe. Nohlelo lwezokuphepha lulokhu luqhubeke njalo ngakolunye uhlangothi.

Kodwa kule mpelasonto esiphuma kuyona siphoxeke kakhulu ngokufa kwabantu abaningi kangaka emigwaqeni yethu kuhlanganisa nabangu-19 abashone engozini eKokstad. Yinto lena esingazi nathi ukuthi singayichaza kanjani ngendlela esiphule ngayo imimoya singuHulumeni. Sonke sifuna izimpendulo ukuthi kanti kumele size senze njani manje.

Bengithi mangidlule kulokho kuqala ngaphambi kokuthi sisho ukuthi namhlanje wusuku lokuthi sizobongela umphakathi walapha sithi halala ngentuthuko yemigwaqo eqhubekayo endaweni. Kodwa futhi usuku lokuthi sizobonga kinina mphakathi ngokubambisana noHulumeni nivume ukuthi kungene izinhlelo zentuthuko esikhuluma ngazo. Phela ngaphandle kokubambisana nani ubungeke ube yimpumelelo lo msebenzi.

Nizokhumbula phela ukuthi kwakungumhlaka 16 kuyo le nyanga yezokuThutha u-October ngonyaka ka-2007 ngenkathi uNdosi owayephethe lo Mnyango ehlaba isoyi njengosiko lokuzibophezela kukaHulumeni ekwakhiweni komgwaqo u-P73. Namhlanje ngemuva kweminyaka emithathu sesilapha futhi njengosiko lukaHulumeni sizothi nanko-ke umgwaqo esasizibophezele ekuwakheni. Ingxenye yokuqala isiphelile, usungowenu ngokusemthethweni.

Njengomphakathi kumele nazi ukuthi uHulumeni unesibopho sokunazisa kanti nani ninelungelo lokwazi ngesimo somsebenzi wentuthuko oqhubekayo endaweni yenu. Kumele nazi ukuthi sesisebenzise imali engakanani kwasizakala abantu abangakanani ngamathuba emisebenzi nokuthi sekusele kangakanani uma kusasele njll.

Okunye esikubongayo lapha nesilokhu sikubonga nakweminye imiphakathi esiyihambelayo ngale nyanga, ngukuthi nokwazile ukusibekezelela kulesi khashana esedlule ngenkathi sibhekene nengwadla yokwehla kwamandla omnotho emhlabeni. Phela lesi simo sisiphoqile ukuthi sakhe amasu okonga imali kwadingeka uthi ukwehla nomfutho ekuqhutshweni kwama-project amaningi. Sithi siyabonga-ke ukuthi abantu bakithi abagcwalanga izitaladi bacekele phansi nempahla ngoba bethi abasayiboni intuthuko iza ngesivinini.

Sikuthatha njengokuhlakanipha ukuthi ubambe lokho onakho ngenkathi usalinde okungcono. NoMongameli uMsholozi uke washo ukuthi phela akumele lithi lina izulu umuntu adilize indlu ngoba ethi iyaconsa, kodwa kumele abheke ukuthi uyivala kanjani imbobo kuze kudlule imvula bese elungisa kahle indlu.

Siyazi-ke kodwa ukuthi njengoba selidumela emasumpeni nje ngokhetho loHulumeni basekhaya, sekuzoba nabazogovuza imiphakathi beyididisa ngokuthi imashele emahhovisi kaHulumeni ithi ifuna izidingo. Kodwa thina esigabe ngako kulo Hulumeni oholwa nguNdunankulu uKhabazela yilokhu esithi i-*participatory democracy* egcizelela ukuthi abantu kumele babe yingxenye yezinhlelo ezilethwa kubona.

Izinhlaka ebengizibala ngenkathi ngibingelela zingezinye ezifakazela lokhu. Ngaphandle nje kokuthi iminyango yethu kuHulumeni ihlale ivuliwe kwabanezikhalo nezincomo, lezi zinhlaka sizakhele kona ukuthi zibe yindlebe, amehlo, umlomo nezinyawo zomphakathi.

Njengoba ngichazile ukuthi sike saphazamiseka ezinhlelweni zethu ngenxa yesimo somnotho, sithe manje wonke ama-*project* emigwaqo namabhuloho abephazamisekile kumele aqedwe adluliselwe emphakathini. Asifuni kulokhu kunabantu abasizakala ngokuthi kunemisebenzi okwagcina kuphendulwe isoyi kodwa kwangenzeka lutho.

Kodwa futhi ngenxa yegebe elikhona ekwakhiweni kwemigwaqo, sizolokhu sithi phohlo kancane nasemisebenzini emisha ukuze kungabi sekuma nse kulabo esingakaze sifike kubona. Okunye okubuye kusifake ingcindezi kulokhu ngukuthi siphinde sadonswa ngendlebe nanguMsholozi noKhabazela ukuthi siqinise kakhulu ekuyeni kubantu basemakhaya akade balangazelela intuthuko.

Kodwa futhi manginikhumbuze ukuthi sikwenza konke lokhu nje, sibhekene nenselelo yokuthi isifundazwe sethu sikhulu kanti sinezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda.

Le ngxenye yomgwaqo engu-10 km esiyivula namhlanje idle imali engu-R130 million. Kodwa uma usuphelile lo mgwaqo uzokuba ngu-75 km kanti kulindeleke ukuthi uthathe imali engu-R780 million. Kuyimanje abalelwa ku-684 amathuba emisebenzi asedalekile ngalo msebenzi. Imali eyabelwe lo mgwaqo kulo nyaka wezimali ka-2010/11 ingu-R13.5 million bese kuba u-R20 million ngonyaka wezimali ka-2011/2012.

Lo mgwaqo uzoxhumanisa izindawo zaseMthwalume/ Isiphofu neHighflats. Ngaphezu kwalokho uzokwenza lula ukufinyelela eHighflats uma uhamba ngomgwaqo uD168. Lokhu kuzosiza kakhulu abasebenzisa izithuthi zomphakathi ngokwehlisa izindleko zokuhamba bese kuthuthukisa namabhizinisi.

Uzosiza kakhulu imiphakathi yezindawo zamakhosi KwaLuthuli, KwaQwabe, KwaNdelu, eShiyabanye naseNhlangwini. Uzophinda wenze lula ukufinyelela ezikoleni ezingu-28, imitholampilo emine kubantu ababalelwa ngaphezulu kuka-30 000.

Njengoba ibisichazile iNhloko yoMnyango uHlabisa mayelana nezinye izinhlelo zemigwaqo, kuyasijabulisa futhi ukuthi le migwaqo engenela emiphakathini iphinda ilekelele ngamathuba okuxosha ikati eziko. Kule migwaqo esizoyiqeda ngalo nyaka wezimali oGwini nezodla u-R12.56 million, sizofaka osonkontileka bakaZibambele abangu-20 abazobheka le migwaqo emisha.

Sesiyazi futhi ukuthi emigwaqeni esizoyenza ngonyaka wezimali ozayo ka-2011/2012 ngemali engu-R31.16 million, sizofaka osonkontileka abangu-85 ukubheka leyo migwaqo esiFundeni sonke.

Sengiphetha, njengoba sibheke emaholidini kaDecember, nginxusa bonke abasebenzisana noMnyango ukuthi baqinise ukusabalalisa umyalezo wokuphepha emgwaqeni uye kubantu kuwo wonke amazinga.

Nginxusa bonke abasebenzisa umgwaqo ukuthi bahloniphane, abahamba ngezinyawo bahloniphe abashayeli nabashayeli bahloniphe abahamba ngezinyawo. Ukufa koyedwa ngukufa kwabaningi. Ukufa noma ukulimala komuntu kuba yinhlekelele kulabo abathintekile, umndeni, umphakathi nesizwe sonke.

Masiqhubeke sikhuthaze ukuhlonipha izimpilo zabantu, singayithathi kancane indaba yezingozi zomgwaqo.

**Ngiyabonga**